**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA NGOKUSEMTHETHWENI UMGWAQO IBHEKAMANKENGANE ENGWAVUMA NGESONTO MHLAKA 17 JUNE 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Namhlanje wusuku olukhulu kubantu baseNgwavuma, ikakhulukazi imiphakathi yezigodi eNyamane naKwaBheka. Phela uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usaqhubeka nokuvula amasango ezomnotho ngezinhlelo zawo ezihlose ukulwa nobuphofu ezindaweni zasemakhaya.

- Umphumela wombhidlango wethu wokulwa nobubha uyabonakala ezindaweni eziningi. Bheka nje, izinhlelo zethu zithola ukwamukelwa nokunconywa kakhulu ebuholini bezwe obulokhu busigixabeza nje ngemiklomelo yemisebenzi emihle eyenziwa uMnyango.

- Lokhu kucacisa kahle ukuthi kungani kungijabulisa ukuba yingxenye yomcimbi wokuvula ngokusemthethweni umgwaqo iBhekamankengane. Ngithi ngibethulela isigqoko abantu baseNgwavuma, ngiyabahalalisela ngokunqoba kwabo namhlanje.

- Kancane kancane, umzabalazo wenu wokulwa nengcindezelo usuthela izithelo. Phela njengohulumeni wabantu, sizimisele ngokususa zonke izithiyo ezisendleleni yempumelelo yenu. Sizohlale sikhona kuzo zonke nezinselelo enibhekana nazo.

- Umgwaqo iBhekamankengane usendaweni yeNkosi yaKwaNyawo. Lo mgwaqo wacelwa umphakathi wendawo ngenkathi kuvakashele oNgqongqoshe abane ababeholwa nguNdunankulu wesifundazwe ngenkathi esaphethe ezokuThutha.

- Wabe sewakhiwa ngonyaka ka-2005 ngesamba semali ebalelwa ku-5,4 million. Ubude bawo ungamakhilomitha angu-12,5 kanti uxhumanisa imigwaqo uD1837 KwaBheka noD850 KwaNyamane.

- Ngaphambi kokuthi wakhiwe lo mgwaqo, umphakathi ubuhamba ibanga elide uma uya edolobheni laseNgwavuma kanti nezingane ezifunda eNyamane High School bekumele zihambe ibanga elingu-25 wamakhilomitha uma ziya esikoleni. Ibanga manje selinciphe laba ngamakhilomitha ayishumi kuphela.

- Imiphakathi eyakhele indawo yaKwaNyamane isiqalile ukulima endaweni njengoba lo mgwaqo usuwenze kwaba lula ukuletha ogandaganda nezinye izinto zokulima. Omama bendawo sebeyakwazi ukuthutha futhi badayise imikhiqizo yezolimo etshalwa eduze kwalo mgwaqo, abakwenza emadolobheni eBhambanana naseNgwavuma.

- Ngempela kuyacaca ukuthi uma sihluleka ukwakha imigwaqo, umnotho wesifundazwe sethu ungagcina ngokuwa bhu. Inselelo esibhekene nayo manje ngukuthi silungise igebe lokusabalaliswa kwemigwaqo eladaleka ngesikhathi sobandlululo. Sidinga ukukhulisa iminotho yethu silekelele imiphakathi yethu ezindaweni zasemakhaya.

- Kubalulekile ukaba ngisho ukuthi lo mgwaqo futhi uzokuba negalelo ohlelweni lokuxosha indlala olusenhliziyweni yami uZibambele. Bangu-26 osonkontileka bakaZibambele abazohlomula ngokusebenza kulo mgwaqo. Lokhu kusho ukuthi amalungu emindeni abalelwa ku-150 asezokwazi ukuthola ukudla emakhaya abo.

- Sengiphetha, ngithanda ukunxusa wonke umuntu olapha ukuba abe yingxenye yomndeni wezokuThutha aqinisekise ukuthi sonke ngokubambisana siletha impilo engcono kubantu bonke.

**Ngiyabonga**